

5

(1) 1/4

SEP 7 1942

Microfilm 12/3/48

(21) 568 568

The Tudor

Exercise Book Oefening Boek

*Copy in ...
...
... 16p 1-2-0
index*

Henretta V. Mhlongo

SUBJECT *Fair View M. S.*

CLASS *Wangumbe Reil*

KLAS *15-50-42*

(21) 568

MADE IN SOUTH AFRICA

568

Customs in
cases of
slaughter
murder
murder
15% £1-5-0

1 P.P. 1-59

K18/27

SEP 7 1942

H. V. Mkhlongo

26 continued.

Bubi nobwediwa wumunu.

Kubulala

855
S
C
D
D

Kwakuye kuthi mangabe
munu ebulel nomunu, ku-
ngashwo kitho.

Njengaku nomkhulu, nje.
Kwakubuthene nabutho. Kwive
maviva. Ngoku, ke, kwejiwa
ukhumbi. Sekubangwa ukhu-
mbi.

Kunika ligananja
ukhwifa Macayana ngesikhwe-
hlela. Uthi uyukhumbi weti-
khwehlela. Usho njalo, nje, ku-
Macayana, uyamwejisa.

Macayana lina, ene, yisi-
lomo seyosi. Kwathi na-
ngamhla ecaliswe yinombi
ecala kute emise lizuku, i-
yosi yajabula kabi. Yam-
soshisa libeshu layo. Ya-
mnika nekhono wayo wem-

3/27
568

2

K13/27

2

pela. Yisilomo ngempela Macayana
eyosini

Nelibeshu lelo, walivumula
ngamdlane beya kobonga i-
njaba enombini Futhi iyosi
yayibita inombi ya Macayana
ya toyibona. Iyosi leya kwaku-
weya lolo. Ngesihatho kusabusa
Mambongweni

Ngokweke, Macayana be-
nasigananjanja babona, ke, ku-
nombulu. Kwediwe ukhu-
mbi yitisiswa. Uyabangwa.
Iyosi ihona. Kusuka sigana-
nda lona. Yena usephumisel
Macayana ngesikhwehlela.
Uthi yena, ene, Macayana
u wuhumbi wetikhwehlela.

Mamo! Ihave yehlika
injaba! Waboka Macayana
lowo! Ihave athukuthela. Wa-
juluka lubala. Waphuma
ekhumbini. Wathatha u-

khono waha nowawuxoshiswa
yiyosi ngamdbane icaliswe yi-
nombi ya Dindikazi.

Wawuthatha ukhono waha.
Wawuthatha nelihawu. Netin-
juku. Wathi kuyena, ene,
"Phuma ekhumbini. Tigesule.
Usho kubani kokuthi u-
humbi netikwehlela? Thatha
tako sijelane."

Waphuma Sigaranga.
Wathatha taha. Ngithanja
kokukentshela kokuthi babamba
na kwathunqa luthuli.
Kwema ukhumbi wabukela.
Kwaphuma neyosi luso-
yabukela. Ibukela tisiva
tishayana. Tihlomisile.

Khayi Mfowethu! Tasha-
yana tisiva, yemajoda! Tasha-
yana kwathula umoya. Kwa-
thi loku na Sigaranga wa-

yatiwa kokuthi uyilighawe le-
yosi, na Macayana, naye, atywa
etigabeni kokuthi uyisilomo se
yosi.

Ngoku, ke, babambana
kwathula umoya. Kwaphuma
nyosi luqobo lwayo yema
yabukela. Nemabutho ema
abukela. Awuyeka ukhum-
bi lona nabesawubanga.
Ababukela bawu belwa.

Bayayana, fwana, bahipha-
-na izani. Bashayanela ko-
kuba abangabo nowahlekhayo.
Kwabonakala kokuthi injike-
bayivika nganokufwanayo
bobobili.

Kuthe besananela bethi
kukhle, bethuka ngasiganan-
ja, nje, esekhithika. Elahla
tinjuku kasi. Esuke ephela.
Kwabe uyafa njalo. Wasala

emile Macayana netinjuku tahe
nelihawu. ngoba phela ko-
bobibi babephethu mahawu ne-
tinjuku, nekhono, nekhono.

Beta bambeka. Bamfiza
elele efile. Bamfunyanisa koku-
thi ubulewe yinjuku nayi-
vika ithi imqaja ihloko, ya-
se yigibisela yamthi qhu'e-
hlofunweni, yangena. Wasi-
nte wakhithika, wafa.

Bamthatha baya kom-
lahla. Kwabikwa kubo ko-
kuthi ufe belwa. Akwate
kwaba tinjaba talutho.
Wadhula Macayana wabe
uthola tiqu. Tiqu tekuthi
ubulele lighawe. Atange
abulawe yena.

10.

Mangabe munu ebulele no-
munu ngenoti, akushiwo

lutho.

Kwake kwathi Mahubalo Mahanya
efuye mayashi. Lamayashi ahe
eloku etodla elithafeni njalo
ejuti kwemuti wa Mwoco nto-
bela. Mwoco yena esefile.
Sekusele ufati wake Mancaphayi
Naye, nje, esemjala.

Laha ehaya, ke, kuhona
tingane tenjodakati Nanana.
enjele kuGumede. Tithathu
letingane taGumeje. Tiyadlala
laha emyango Mancaphayi
yena ukendlini.

Ngoku, ke, sekufika la-
mayashi. Ayadla laha. eli-
qcekemi. Sekusuka lengane
Lephakati, Titose. Tithi laha
tigijima tingane, yona isuke
iconja eyashini ifike ili-
phebeta ngetandla. Leyashi
lafane lamshaya ngelisonjo

lamohitha buchopho unwanwa.
 Atange aphenjike. Atange
 athole nehithuba leli lekuthi
 hhe!

Jabona ceje letingane nayeya-
 mbe edlala nato, tachitheka.
 Netimwe taya kokhipha Manga-
 phayi endlini, tihala. Netimwe
 taya labaya kambuluwe wa-
 -he. Jayambe ting tihala. Na-
 ye Ntobela wahiphwa wu-
 sinjo wekubala kwetingane
 nokungejwayelekile.

Kwa kwahelene nakama
 ngaphayi. Bafikisana bo-
 Ntobela na Manga phayi
 esijumweni. Bafika ingane
 seyipholile. Liyashi liyichithe
 kuphila.

Bayithatha. Babeyathe,
 babeyathe, phinje! Ingane
 ifile! Isipholile!

MaNgaphayi wathi u
yahayita, bambuta bom-
huluwe wawe. Bathi aka
thule. Angawuhlangabete
uhlola. Ngoba mangabe e-
lalala ihlidiyo ehayita, weda
ukhokha. Uvuna ingoti
kokuthi kuhle ibuye iphinja
ifike nangoso. Wathula
waba yisimukw Mangaphayi
ngengane yengane yawe.

Ahawubeke, ke. Ngoba
Mahubalo lona udisa mayashi
awe njalo laha ethafeni ate
atofika egqekeni, kaji babe-
mtshela bomhuluwe na-
MaNgaphayi kokuthi anga-
wadlisi mayashi ehaya ngo-
ba atolimata tingane.

Kojwa ke, nabo banu
baketingweni, emathafeni
ake mithini, bayincaba ngo-

K13/27

9

kungatihluphi ngekucenta
 maggeke abe mahulu ehaya
 kwahuwe. Babange nje nge-
 kuthi bwani bemathafa bu-
 fushane. Babe sebegcimeka
 undlu nje. Mumu nesita
 akasimbi loku yinjawoye-
 nthombo. Kufane kusikwe
 lisoyi, nje, libekwe kasi laba
 kutoganjayelwa hona.

Kube sekuthelwa uhlaba.
 Kwelekwe mabwe namanga-
 ne, nathi abe wumgubo.
 Kuthelwe uhlaba ngetulu.
 Kube sekwahiwa kuphela.
 Besekuthelwa sijuli ku-
 ganjawa.

Besekutshalwa luboko, ke
 kube kuphelile. Akubom-
 nu noqabanga kecenta li-
 ggeke. Ingobo mangabe e-
 tshale luboko wabiyela si-
 gwayi sahe ejute kwemuti u-

cejile.

Bayithatha ingane, bayi-
faka endlini kaMangaphayi
Bayembota. Kwathumelwa yise
Mzinto Gumeje nerina Nanana.

Mangabe befika laka
chaya sebhanguwa yisizumbu
sengane yabo. Laka lwembita
Abatange bahale. Bahlala
kasi nabo njengabomanga-
phayi nabo mhuluwe wake.

Kwalanjwa umnikati
wehlyashi. Hhawnu! Wafika
naye esebujatela, nje. Asefi-
qa ngesizumbu nesesibulwe
yihlyashi lake. Banu ufika
sebe pholile. Kaje sipholile
sizumbu.

Wangena, wesuka ehlal-
ebujatela. Eshe kokuthi
abasho nokuthi kafuna
ahlawule ngetomo tibe ti-
ngaki? Eshe konke, nje,

3/25/68

||

K13/27

||

nekuthi tona tingane beti-
bukwani tidlala emyango.
ebuja, ebuja.

Wathula nje Gumeje,
wathi esuka wayethi, Hhawu! Kuhl
uyeka kuhulumana wena.

Awunayo ino nongangibuyisela ngayo
ingane yami. Tono taho ngeke
tiribuyise ingane yami. Mina
ngifile. Musa, ke, kuhulumana
lite melingake langisita ngalutho
ngoba yohu leno ibe yingoti.
Nawe bewungayati, nami
bengingayati."

"Ngokuba siyahulumana koku-
thi bewungiconjile. Ngokuba,
ke, sehlelwe yingoti, nami angu-
kubeki liqala, ngokuba ave
ku wu wena nothume liya-
shi kokuthi ahibulale inga-
ne yami. Nawe wehlelwe yi-
ngoti liyashi laho lathakatha

ungalithumile, nami ngehlelwe
wuhlola ingane yami yabakla-
twa yisihwane, yaphela. Kuhle
sicololane. Singwabe ingane
ngekuthula."

Kempela, ke, leyongane
yaGumeje yafa, cije, yalahiswa
hona ka mangaphayi, ninahulu
laho ifele hona.

Bohe ma betobabata
beta ka mangaphayi, ngo-
ba ingane yafela hona.
Naboyise nemina bengane
beta hona, bababata.

Yase iyangqwabwa hona
ka mangaphayi. Ayate yaya
kongqwabwa ekhwabo netinga-
ne tekhwabo netafayo.

Loku kwediwa ngabomu
ngoba leno iwuhoha. Izulu-
khondo nolubi. Uthetho utshi
laho laha esuke efele hona

mumu makangqwakwe hona.
 Angayiswa ehaya ngoba funa
 malabamwe bafise okwabe. aku
 -fwanele mangabe ahakwe.
 Kuyathulwa nje, angqwabwe laho
 laha ebefele hona. Angayiswa
 ehaya nelite.

11.

Mangabe umunu ekulele no-
 mumwe ngemabomu, naba-
 kubo lowo nofilyo bayam-
 phinjiselela nabo. bambulale.
 Ngoba, ke, kubulala kuka-
 bili. Kukhona kokuba kuhwa
 mumu abulale nomumwe
 belwa, bebanga ino nethile.
 Balwe balwe babulalane.

Kukojwa kokuba mumu
 umtonje. Ungamtshele. Ube
 sewumfunela uthi umbulale
 engati.

Mangabe utonja mnu-

used for article begin
 13, 4 → end
 this root

miane awufuni kukulala yena
 . Uye ubulale noma yinga
 ne yabe ngethi, noma wu-
 fati wake. Yena, ke, uthi
 uyamlungisa. Yihona etoke
 eve buhlungu egulelwa yi-
 muru wake. Alahlekelwe
 etinyangeni. Aphethe ngeku-
 shiywa wumuru wake.

Lowo, ke, nosuke ebulewe
 ngethi uye eve naye. Ngoba
 nomumwe ugulelwa, agulelwe,
 ati aye kova etangomeni.
 Ifike timnake muru nombula-
 layo. Tisho nekuthi umbulala
 njena ukhalelani. Timnake
 nenyanga nengamwelapha.
 Tisho noma embulala ngeku-
 mkhwebela kasi ngembulelo.
 noma emchubela ngelishanti
 noma kuthumwa ifene
 ebusuku ifike ikhweli nge-

3/27 568

15

K13/27

15

tulu kwendlu ichamele hona
esukw ithakatha.

Isho noma bemchubela
ngemikhovu bethi ayitobulala
Sisho noma bemchubela nga-
tikoloshe kokuba atomumela
amucwiye, ambulale.

Mangabe sesibule ka-
nyalo sangoma kube siyi-
vulile indlela. Ino yekucala
mnumtane uya bethela acini
se muti wake.

Abe sebita inyanga ye-
laphe ~~muti~~ banu labo naba-
gulayo. Basinje mangabe
besinja. Ngoba phela beseku-
bethelwe. Ino nebetichuba
kufa alisangeni chaya. Aka-
savumi tikoloshe kungena.
Wesaba kubambwa yitikhonk-
wane. Lischanti alisangeni (va
lesaba tikhonkwane. Mikh)

vu)

refene ahsangeni tohe letino
ngisho nemvukentane ayise-
mbi ingene. Yesaba imithi
yenyanga. Yesaba tikhonk-
wane. Ngoba titoyibamba. In-
yanga ibe seyiyibambas iyi-
gxusha imithi yayo iyibulala.

Mumu lowo, uya kova
njalo etangomeni kokuthi u-
bulawa ubani, ufuna ku-
phinjisa.

Unele eve nje, nomumwe
alinje kuti kusinje banu
babe nabagulayo. Nomumwe
angalinji aphinjise, nje,
besagula. Ngoba bagaba
ngekuthi ayimbiwa godini
limwe.

Mumu uphuma, nje,
aye kuthakathi wenyanga
athenge ngeyomo athi susa
sibanibani. Nempela im-
suse nqelitulu lowo mumu.

Loko kweda, akusona sono
ku wuthetho weku phinjisa.
Wuthetho webanu lowo. Ma-
ngabe munu eku bulala
ngemabomu eku conjile, nawe
mubulale.

(a)
Botikinjuku bena Sija-
wane, babe banga tinombi.
Vikinjuku wacomwa yino-
mbi ya mkhathini. Iyihle i-
hlophe, iyisimomoniya.

Uthe esathi incomile,
wayeshiphwa wu Sijawane.
Wayibuyisa. Ya buyela, wa-
yibanga Sijawane.

Wesuka Vikinjuku, wa-
bita bomsongelwa bena Ntikana,
bangani bahe. Wathi kule
ke, bayomshayisa imbangi
yahe. Baya. Bamfiqa eyiba-
mba eyiphutisa uthi.

Bamshaya bambulala, ba-
mshisa kasi ehle. Bayamba.

Bafika bamu bakubosijawane,
Bamfiqa efile.

Pho! Ke! Injaba ayihlali. Bayiva
kahle kokuthi Sijawane lona ene
ufele enombini ebulawa yibo
Vikindukw nabomongelwa nabo
Ntikana, ngoba bebanga inombi
bena Vikinjukw. Bambulala nge-
tandla.

Bathukuthela babuyela
ehaya bayihlomisa. Kwesuka
neyukw imi lena. Wohe Kolo e-
lwa na Cele. Kwashiswa miti,
Kwafa bamu tihlangothi totobili.
Bafa bugingqigingqi bamu ngenca
yenombi, nje. Yati yaphela ngo-
ba seyilamuliwe leyomi.

Loko kwaba yino nehle, nje,
ngoba babephinjisela munu wabo
nofileyo. Befela uthetho wekuthi mu-
nu ebulele ingane yabo ngetandla
egabe ngabugha we bwake, rawe
mubulale.

19.1

K13/27

(b)

Kwakuhona uthakathi nom-
jala, nokaje ayebaceja bamu. Efu-
ye tohe tiwane leti kubuta, nje,
endlini yake. Efuze mikhovu
na bomantindane. Eyigibela ifene-
lina atē aqholoshe etulu kuyona
eya kothakatha ngayo. Efuze
nabotikoloshe bebane.

Athi mangabe esile lijiki
nje, awafunel nesikhulu si-
gece, mashiga, awafake hona.
Abuye ayambe ewagela nake-
mitini yebanu awagqwalise
lesigece sahe.

Enendlu nengavulwa
mumu. Kunel kucejwe kundla
kusihlwa, Abe seya kulendlu,
afike atiphe atiphe, atisimise
Kwesuke nelihulu lijadlu leli
tisina. Tisine, tisine, tisine,
kute kube ekhathi kwebutuku.

K13/27

Uyesuka laho, la esebona
kokuthi banu balekziwi, atabe
tilwane take.

Ngakusijuno, ke, nengihuluma
ngaso, wahipha inyoka nenge
namathumbu, mhlanguwe, wawu-
thuma ka Magule. Wathi awuye
kohosha umoya wetingane hona.
Idhiwe, tife.

Wahipha tikoloshe wathi a-
yothakatha ka Mazondia. Wa-
hipha mihovw, wayithuma
ku masinga wathi ifike imb-
lale.

Wathuma bomantindane
nengqeqhe, wathi abayothakatha
ka Mamvubu. Babulale yena
Mamvubu ngoba wala uthakathi
efuna kulingisa umyeni wa ma-
mvubu ku Mamvubu.

Bohe la banu baya kobula
Jangema tanuka Mgulule.

K13/27

Bathi bebuya, bathenga litulu
etinyangeni.

Uthe engatelele lutho Mgu-
lule, lahloma libale. Lasuke
lahlanganisa. Lagalela, Lasha-
ya sibaya setomo, tafa tohe.

Kwathi nganelimwe lilanga
laphinda lahloma. Lashaya
likoyi lashisa kudla ekhathi,
nelikoyi lasha.

Labuye lahloma. Lagalela
Lashisa tindlu netibili kwafa
bohe banu, namgulule wafa.
Kwasala salukati. Kwabuye
Kwahloma lokugcina nela-
shisa salukati netilwane tohe
tamgulule. Waphela muti
nya.

Wegwaliseka kahle. uthetho
wekuthi uthakathi uyajojwa.
Mangabe munu ekubulala ngethi
nawe mubulale ngethi, uphinyise
ngoba tangoma titobila tikutshela yena

used for article 1970

stop

12.

SEP 7 - 1842

Mangabe kuuuka munu abulal
nomunwe munu, kurye kuhulu
me ligati labawo munu nobulewe
yo.

Kwake kwesuka Sibukuta
eyimohlo wathar anrefati wa
Mantshuleni, Masigananja. Ngo-
ku ke, luvoka luthando lwe-
kwekisa bahohliseka bobobili
Kwasekuthi mangabe behleli
bobobili babedle injaba yekuthi
ngakube sebelungehwe kokuthi
akaseho Mantshuleni.

Base bada liso labo. Kwa-
thi esuku, yafika injoda ya-
shaya Mantshuleni yambekar
kasi. Yamcola weta nelisak
Masigananja. Bamfaka ekhath
yamthunga injoda, yamthunga
yamthunga, ufati yenasasha
nyela ligati, yaqeda injoda

K13/27

Base bebambisana ke, befika
 eweni bemjedela. Kani bam-
 jedela njalo, libeshu lihlanga-
 niswe nesijumbu. Kwaya ka-
 mwe kamwe eweni, hlofokhlofo!
 injoda nesijumbu. Ufati wa-
 hala toma afa omobili majo-
 da ahe sihathi siruwe. Laha
 la kanjalo, ke, ligati lemumu

(b)

Kwaburje kwathi Geye
 egane Nongwenya, kwafika
 injoda nemwe. Lenjoda isho
 ngehtinyo laya nelip ngembali.
 Lephume ingovolo late lashaya
 ngedasi kwelujibe lwangakas
 lwemimo.

Ligama lenjoda wuNgoso.
 Nayo yayinefati wayo. Geye
 lena wayelaha emzumbi.
 Ngoso yena wayefikile nje,
 ephuma lena kaZulu.

K13/27

Wafiqe Geye enenjoda yabe
Nongwenya. Wamweshela
ke, Geye. Eshelwa wu Ngoso
Geye wamcoma Ngoso. Base
Bethanjana ke njalo. Bathanja-
na, bathanjana, ke, ngoku ba-
cala basola banu.

Uthi Ngoso, "Hhawn!
Maze siyahlu pheko! Ngaloh-
thanjalo lwetho! Nami ngi-
vinjelwa wumyeni wabo
lona. Sengathi ngakube
sewafa.

Ngaye awavume la-
mavi namahle naphum-
elishenjeni lahe.

Babe sebhlela, ke, kokuthi no-
kungono kubhe bambulale lo-
myeni wa Geye. Wayeshungisa
uthi wabe Ngoso weliconjo. Wa-
wubeka ku Geye. Uthi kubhe
Geye aye kuyena umyeni. Ne-

mpela, Geye waya. Wafike wali-
 thatha Nongwenya. Waqhumana
 tingati ngemakhala, nangeme-
 hlo, nangetinoleke. Kwadoseka
 luvalo lwagoba. Kwephuka si-
 jungujungu. Wafa mashona.
 Skade ehlange ne naseye izolo
 kusihlwa. Kwamgulisa lusuku
 loke, waqcashuka mashona.
 Bambela kahle baceja.

Wathi ebuya emangqwabeni
 Ngoso, wabe ebuyela ngaka-
 Geye, eseyolala.

Wawuthatha wohe umnyama
 wa Geye. Kojwa yena a-
 yingulisanga insilo yekuthi
 ulale nemum efelwe. Wathatha
 sohe sijina sika Geye. Wagqi-
 na ngalolo suku kulala naye.
 Kwathi kusa wabe sendinwa
 sekuthi ahlade mangake e-
 gabanga kokuthi uke walala

naye.

Geye na Ngoso bathi sebegor-
de ngebubi, babuye baphapha-
lata. Basebekhohlwa kokuthi.
Nongwenya wayeyinjoda ya Geye,
nasina nayo. Uma efile ngoku
Nongwenya, Geye uwufeloka-
ti ngempela ngoba ufelwe yi-
njoda yake. akukhathaleki
kokuthi utibulalele yena injo-
yake, kojwa uma isifile, ifile.
Yena uwufelokati.

Kufwanele kuthi uma engabe
esatinisele busha, ede uthetho.
ngoba uthetho webamw uthi,
ene, umangabe ufelwe, kuhl-
ubeke umumw, nje, nongamkho-
dile ngehidiyo yaho kokuthi a-
ngate abe wumumw noyohulu
ma naye mangabe sewaceje
kutilela injoda yaho nefileyo.

Lomumw umcome lilanga, nje
libe limwe, ngoba phela mangabe ufelwe

uremnyama. Kufanele awukhi-
 phele kumunni. Amcome liba-
 nga libe limwe. Alale naye
 ngalona lelo langa. Anelwa-
 vuke nje, abe sezwawala.

Lowo munu, ke, ukeshu-
 lela kuyeni sijina semnya-
 ma wekuba efelwe. Ngoku
 , ke, emuva kokuba esesulele
 sijina semnyama wekufelwa
 kulomunni lalale naye lelilanga
 lojwa wamwala, usengabe
 esetitholela, ke, umunni wake
 namthanjia ngethityo yake
 kokuba bethanjiana naye nge-
 mpela. Ngeke abe esaba na-
 mnyama, ke, yena. Ngoba
 phela umswazi ubukhiphwe

Lowo, ke, wuthetho webanu
 nowatiwa kahle. Ngiyakho-
 hlwa, nje, kokuthi bo Geyze
 bena ngoso babekhohlwe yini.

568

Engabe baba nengconjo yekuthi akunagala ngoba batibulalele yena Nongwenya yini. Babe sebeyakhohlwa yikuthi Nongwenya lona yiligati la Geyese ngoba noma bengile mihubane, uyinjoda ya Geyese ngempela. Kumfwanele Geyese kokuba amtilele, mangabe ipethanja kuganga, kufwanele esule umnyama wekufelwa awesulele kumnu nongeligngu kuyena, ngengethetho, kanduba athanje, ke, atigangele.

Ngoku, ke, bebuya kongqwaba, ngoso useyolala na Geyese. Bayawusebeda usebedi. Kuyasa. Ngoso asamqabangi Geyese kokuthi u wufati.

Useyeta, ke, Geyese, athina-
we ngoso kuhle nge phela kini
kazulu nge kobulala umkakha

yikhona sitogana, ngoba
nami sengijibulele injoda ya-
mi.

Wesuka ngoso, wayamba.
Watiyela emtini wake wamshi
ya kasi Gey engamtshelanga
lutho. Wahhala wahhala
Geye eYingolweni, wapheka
uphako. Nuthiwa wayamba
kwate kwafa inyanga
eyanaba, engafekethi.

Wayey^{af} wafika emtini wa-
ngoso. Wamkhumbuta koku-
thi phela naye ngoso kuhl-
abulale umkakhe ngoba naye
Geye sewayibulala injoda yake.
Ukute kube kuhl- baganane.
Ngoso wakhuta lilumbo. Wa-
bita ufati wake. Watombombi-
sa lohlola nowuGey. Wathi
Thawu! Thakathi njini! Uya-
kwati kubulala injoda yako
uzibulalela mina? Mina

nginofati wami nawu! Angiku
-funi wena. Angimfuni u-
thakathi ejute kwami, ngoba
nami ungangibulala ungi
shiyise tingane tami, ngoba
wena uyakwati kubulala injo-
da yaho.

Bangcotha, wazula.
Wate wafa eseyimuphu, nje,
wathola lichwa, nje, Geye, ema-
-jodeni. Ayiho neyaphinja
yathi 'fati' kuyena, wate wa-
guga, wafa.

Kunjalo, ke. Uthetho weh-
thanjo kubanu uhona. Ngoba
futhi nenombatana, nje. Ayi-
fwanele igane lisoka layo leku-
cala. Kuthiwa Inombi ifike
ibe yiligenge. Ibe seyicalisa.
Ibe seyigana. Ukute ihlale
kahlle emwenjweni wayo.

Lokungqono uma itosina
kulomum, kuhlle ike imwale

Ayibuyise. Ibe seyibuye iyambw-
yela, ke, kube sengathi, ke, use
yilisoka layo esibili.

Uma kungabanga njalo,
ke, labakhohlakeleyo futhi, iye
ithi mangabe seyivukela sey-
tosina inombi, ihlangane ne
mlisa endleleni iyamba, ay-
ibute, imtshela kokuthi ka-
je iye ay kuvukela. akute
kokuthi isina nini, isho.
abe sethi kuhl' / uvalalise
ngami. Ivume. Bachedukel
esihlahleni balale. Ivuke
iyambe iye koggagga. Ilali
nenyeni seyiwesulele kumw-
nu lowo, umswazi webu-
genge.

Ufati ebulele ingane.

Ufati ebulele ingane, wa-
yebulawa. Uma engabulawa
nga, kuthiwe kuhl' atingwa-
bele yena inyamatane yake.

K13/27

nayihlabileyo. Noma agco-
thwe.

Mntshilotshi wayeqqagqile,
watibula wayekhama ingane,
yaphuma ifile, yephothene li-
khanja laba lije. Kwathiwa
ubesaka. Kwathiwa kühle
ayithathe yena aye koyi-
mbela leyo ngane yejwa.
ngoba ubuleli ingane, ngo-
ba engafuni kutala efuna
ukuhlala eyinombi. Nem-
pela wayimbela yejwa in-
gane.

Waphinja, wayekhama.
Kwathiwa kühle ayimbela
yejwa futhi. Wayimbela.
Waphinja. Wayekhama. Tate
taba tinathu etimbela.

Waphinja wakhulelwa.
Kwabitwa mhipheli watom-
belethisa. Karri tifa njena

tingane, mathambo ahe emile
kakhle ngekhathi. Ihloko ita,
ite ifike iyogaseka elithan-
jemi nelicwije endleleni.
Iphele. Iyedhula laho isi
yephothene ihloko.

Loku sekubonakala nge
mhipheli. Yesuka ceje inga-
ne, wafaka sandla. Yeta
ingane. Wakhala waka
luhlanya mhipheli. Yaphu-
ma ingane iva. Saphuma
sandla semhipheli sesopha
sikhlabwe yilelithambo ne-
neliceja tingane. Ngoba
lena yesime yona iphume
iva njena ngoba ivikelwe
yisandla semhipheli. Kwa-
limateka sona kwasinja
ingane.

Basebenzifunela inyanaga
yamwelapha. Walunga. Watala

K13/27

tingane taba yisonto, waphela
 Mka gomba Mkhize wemi-
 tha, etibula wahulelwa ti
 nyanga taba yilithoba. Uthe
 sebeke lwe kokuthi uyatala
 wabuya sesiphelile sisu.
 Kani uyamba njena usetha-
 njana nethakathi. Uthakathi
 usesicelile sisu lesi sakem-
 tiri kokuthi ufuna amhiphe-
 -le sora.

Kothi mangabe eseva
 kokuthi uyasikwa, wayamba
 waya kuthakathi. Uthakathi
 wayeseyamba naye, bangena
 ehlathini nelimnyama edasi
 kwemuti wake, laha efuyele
 hona. Wafike watala hona.

Wacoca koke uthakathi.
 Wabulala nengane. Wacobela
 ethini wake. Wasila wa-
 hlanganisa washisa. Wa-
 bumba ngekwati kwake

K13/27

, wayamba wayophanyeka
ekwatini kwahe. Wabacoba
yini baru! Umunw afane
eve utimba umshiya nje.
Asuke alale kasi afe enga-
satibikanga. Ngoba nangwu
bulewe ngesinyama sengene
nefe italwa.

Wathakatha, wathakatha
wathakatha, ngalothi wake.
Wate wathi mangake se
wuphela, naye esegigile, wa-
yeseshela umkasiva hona
futhi kamkhize. Isiva
yeva, ufati wayo khulelwe
yeva kokuthi weshelwa
wuyena lowo thakathi.
Kwathi langa limbe, nje,
wabona ufati wake eya
efuleni, eme naye endleleni
Wajula chaya. Wathatha u-
khono nemzaca. Wanikela
hona.

K13/27

Wafika ceje atē abuta ko-
kuthi, Mcanjehwa, umeleni
nefati wami. Cha! Wafike
wa phisela ukhono kwaka
kuphela. Walahleka kasi
Mcanjehwa. Wamcikica,
wafa. Wathi kufati wena
gojuka uye ehaya ave nga
kutekela Mcanjehwa mina.
Wagojuka ufati. Injoda le
yamwethwala Mcanjehwa
eseyisijumbu. Yambeka
ekhwakhe emyango. ~~Y~~ Yathi
ake wemukele nawo uhlola
waho. Ufati wami nga-
ngititekel yena. Ngangi-
ngevi kuyimina nengito
mwakela ufati wami.

Ufati wa Mcanjehwa
waba bata. Wayamba wa
yomngcwaba. Babenga
kabi nje behungu. Ukuba

- nga nyaba tabutho. Yaphelala
hona laho nyena inyaba. kwa-
ba liphumilile live. Kwaba
ufile uthakathi.

Inombatana ibulewe yinemwe.

Kwakubanga sithembu.
Bafati bebabili enjodeni. Sebe-
tele bobobili, betele manomba
tana. Nomumwe enawo
emathathu elamanga. Ese-
cinile nje. Nomumwe yena
etibule ngenombi welamani
sa bafwana kabili waye
sephinja inombatana nayeyi-
phethe.

Ngoku, ke, lamanombata-
na namaningi kwabo, abin-
ta lena neyowa kwabo.
athi kuhl, ke, bayongqumba
esitibeni. Yavuma. Baya-
mba, baya kongqumba.

Kani bangqumba njena
 besekuhlanganiswe kokuthi batoyi-
 hlanganyela lenombatana, bayi-
 bambe bayicwilise. Nempela ku-
 the bephakathi nekungqumba,
 beda ingungu ngakesitibeni.
 base bekhapheta lenombatana ne-
 yojwa ekhwako, bayikhaphetela
 emsingeni. Yathatheka ya-
 shona kasi. Yaphuma yaba-
 kuta ithi iyaphuma, bayiphinde-
 lisela. Wayithatha usinga wa-
 yihloma ngehloko kasi. Yathi
 nya, nya, nya, yaphuma
 seyintanta. Yabuye yathatheka
 yahlomeka kasi, yanyamalala,
 nya, yaphuma seyintanta.

Yantanta njalo yaye ya
 phumela ehlangueni ngeceleni
 kwesitika. Ayesejojuka, ke,
 lamanombatana aya ehaya
 ayosho kokuthi ilahlekele ino-

mbatāna kengqumba.

Yise wathula njena, nerina
walamanombatāna. Nina wabna
nefileyo wesukela etulu. Wahleba
ukhosi. Majoda ayofuna. Wawu-
hlabba wawilawula. Waye wa-
yofika kombulu. Kwafunwa,
kwafunwa. Netinjena setifuna
nato.

Kwaba yihona ifikayo injoda
newuyise. Kojwa awehola
manombatāna nacwile ne-
mwe. Bayambuta yise ba-
thi kaje-uphi safuna sojwa.
athi, kaje ngilwa nekuguba
manombatāna kokuthi aye-
denjani ingane yami.

Ahayi, ke, kufunwe ku-
funwe, iye itholwe ngedasi
nesitiba, isicumbile, ehlange-
ni.

Kuthumwe injuna ilanje

lamanombatana nabegeta nalena
 nefileyo. Afuthwe, kubutwe. A-
 phike, Afuthwe, aphike. Afu-
 thwe, isho nencane kuwona, ichi
 hhake, kani nitobulala thina,
 thina asinanjaba ngoba esithu-
 mwe wumana wathi site sim-
 qwilise nomqibelo. Thina, ke,
 ebesitokwejenjani! Sinqwilisile.
 Safike samtshela mana, wejabula.

Mamo! Urinabongane ne-
 fileyo, wahala kwathi aqca-
 shuke. Wathi aliyambe liqala
 liye eyosini. Wabitwa mambaleni
 netinombi tahe totontathu. Yafike
 yasho lena nengane. Yaphinja
 wona lawo magama. Kwabutwa
 kuleti netimbili. Nato taruma

Wabitwa mambaleni. Wa-
 fike waruma. Wathi yena,
 ene, ubeholisa mnakwabo yi-
 hona etokwaliwa yinjoda ithi
 yena ananombi, ithanje yena, yena

ngoba unetinombi itothola tomo.

Lamla hla liqala Mambaleni
waba wuthakathi netinombi tahe.
Wabitehwa timisi taya kombula-
la netinomer tahe tabalahla eweni
badliwa tilwane takenale.

Kwase kugojuka Masohhayi
lona nenjoda yahe. Kwejeka
incaba. Wafike wathatha siseu
watala inombi. Waburye wa-
phinja inombi. Wayesetala n-
fwana. Waburye waggina nge-
nombi wayeseyaphela.

Kani kusehona Mambaleni
watibula ngalenombatana waye
setalela kasi njalo. Gate bazi-
bulala, nako bafa.

Masohhayi lona, wahlalisana
kakhle kahulu nenjoda yahe,
Ndikimba. Gate bagugelana. Na-
ye Ndikimba aphinjanga waseda
sithembu. Watihlalala nesalukati
sahle. Bathanjana ngempela.

Kwahula tinombi, tagana
 kwahula isiva yateka. Tatala
 tinombi, nesiva yatala tingane
 netiyilithoba. Nayo ayitange
 isiteke sithembu. Wahhala kahle
 njalo, ke, muti wa ndikimba. Nako
 bate batigojikela njena sebegugile
 nefati wake. Ufwana yena wawu
 -misa njalo muti weyise.

13.

Ehene, injaba neyiligala iye
 imangalwe eyosini.

14

Iyosi ayilithethi ligala. Ilithe
 tha ngetinjuna. Kube sekubutwa
 imbito yemajoda, litovivinywa li-
 gala, kubonakale ngekuhuluma
 nekuthi lalahla muphi, nekuthi
 hvuna muphi.

Kojwa, ke, lite labuyela muva
 ligwinji lekuba injaba yemunu
 iphenywe. Ngeshatshi sashaka

eyiyosi belingeha liqala. Lihlawulo
lekona beliyikufa kuphela. Yena
ubeva ngandlebemwe. Ngoba ma-
ngabe kusuke munw wayokuca-
mbela wathi uyathakatha ngoba
utele tinombi netiningi netihulu
pheleyo, sewuteda iyosi. Nawe
weja sigodlo saho, yayinele ive
nje iyosi ngandlebemwe ibe seji-
-yahloma njalo imi seyiyokubulala
kungathethwa qala.

Kwathi kokuba kufe shaka
kuba sekuba hona mahosi ase-
sihlangwini, injaba yaseyipheny-
wa. Kuthi ngekuhuluma, kuva-
kale kwekuthi lifanele lilahle
bani. Iyosi, ke, yona ebejikaje
ilalele ibe seyilincuma. Ibe seji-
-yamabha lowo nemlahlayo. Im-
vume lowo nofwanele imvume.
Mangabe bethukene, kuba sekuthi
lowo nolahlwe yiliqala agete
lowo novumwe yiliqala ngeyomo

Abuye ahlawule iyosi futhi ngeyomo,
15

Nodwengu, mufo wa Kolo,
Ngalaha ngaka Kolo e Lingolweni,
wake wabambwa ephinge nefati
wemunu. Kwabambwa mutsha
wahe, nesijwaba sefati.

Injoda yaya naletino eyosini,
ichuba ufati wayo nato, imba-
mbe elucobweni ceje, yamshaya
ingoti esiphongweni nodwengu.
Wabaleka.

Wafike wabeka mutsha resi-
jwaba nefati. Wabika injoda ko-
kuthi uyishaye ingoti ngenjuku
esiphongweni Ceje yabaleka.
Kwabutwa kufati wavuma wathi
beku wu nodwengu.

Iyosi yathuma loyinjuna
yayo, yambita. Wafika nayo
ingoti nesha esiphongweni sahe.
Wabutwa. Wavuma naye.

Majoda amdela kabi ko-
kuthi kani uyamba njena yena
wederje? Kani bafati bemajoda
bemi kabi mangabe kuhona
yena?

Yaligweba, ke, iyosi ligala.
Yathi muni asabulawa. "Fati,
Uyayithanya lenjoda nophinge nayo?
Wathi ufati, "Angiyithanyi, ngitha-
nja lena yami nengayiganayo."
"Pho! Uphingeleni nalena?" Wathi
ufati, "Ayi, yosi, mina ingede nge-
thi. Ngoba ngithe ake ingishiyel
gwayi. Yangishiyela nginele
ngawubema njena ngadakwa,
angabe ngisati, ke, ngemuva,
ngite ngabona sengichubwa
yinjoda yami, senginikwe si-
jwaba sami nemutsha wayo."

Yabutwa injoda kokuthi.
yona ithini. Yawuvuma uthi
wayo, neye iwufake kugwayi u-

hlale ebuchophweni, ibe seyithola ku phinga bafati bebamu.

Yalincuma iyosi yathi liyam-
lahla nodwengu. Kwathiwa kuhl
ahlawule kuthakatha ngeyomo,
ayinike injoda. Abuye ayhiphele
iyomo futhi yekuphinga umkayo.
Ahiphe iyomo agete lucansi lwenjo-
da, ahiphe tomo netimbili agete
agete muti wenjoda rosewuthu-
kekile ngenca yayo. Abe sephu-
misa iyomo futhi anike iyosi
agete ligala lahe.

Wahlawula kanjalo, ke, nodwe-
ngu.

Ufati kwathiwa kuhl ayike
kubema gwayi mangabe in-
joda ike yaphinja yambona e-
phinga ebema, imuse kubo
ayohlawula ngeyomo ngoba
yena ucabanga kokuthi gwayi
lona ntoyambe ewugela njena,
ato acele nakemakexeni ahe,

atē angene ekuphingeni. Mangabe
eke waphinja waphinga utoya
kubo ayohlawala.

Ntombikazi yena wafane
waphinga, nje nanemwe injo-
da. Wayingenisa endlini ya-
lala naye ngemagansi enjoda
yabe. Enengconjo yekuthi
iyambile injoda yayolapha
kufe ngoba yayizinyanga.

Kani iyambe yabheke
nyovane. Kwathi laba ku
labwa, yafika. Yathi Vula
maMhlongo! Wajinga kwe-
denjani. Yakhandanisa
injoda yabe wasabela.

Ake ubekeke, elawini
akuho natimahla netiringi
laba kungabaca hona
mumu. Yakhandanisa in-
joda yathi Vula maMhlongo
yasihlakate sivale. Yasho
ngekhathi. Yangena ne-

mbawula: kwahanya nge en-
dlini. Yayifiga injoda in-
gakabingqi elugansini lwah
na ntombikazi esayinga
engakabingqi.

Yayisho kabulu nge-
sigwayi ehloko. Yagsuma
injoda yaphonseka enya-
ngo. Wahlabu nkhozi
mbeleja. Bafika bafowa-
bo bamankela mumi, wa
behlula.

Ba buyela kufati endlini
wafike mbeleja wafuna ku-
mbulala. Babamba bungayi
ngayi bafowabo bemngenga
bathi kuhlalabodise ihli-
diyo axolele bona.

Wayesethi kayambe ufati
aye kubo yena asamfumi.
asamindlele kokuthi angaba
ye atibite ngaye, ngoba use
mbonile kokuthi asiyo injoda

yalutho. Umweqa ngetulu uphi
ngetulu kwetingubo tahe.

Wamphekela wayombika
kubo kokuthi wone kanje
ngako asamfuni. Wamwala
hona ekhwabo cepe wamshi-
ya.

Bonina baruka bayom-
ncenga Wala. Kwaphe-
la lisono lohe. beyalita
bakubo ntombikazi.

Naye wayetele tingane
tjilithoba (9) Iya hala
nato atidli kahle nina
engeho. Wabuze wam
yaleta wathi kuhle a-
buze atophekela tingane
Wabuya. Wayesefike em-
tshela kokuthi kuhle aye
kolanja iyomo kuboa-
tohlawula tingubo temhwe
nyana naphingele kuto.

Wayilarija wahlawula
 wasethola kuhlala kahle, ke,
 nay wahawula kuganga
 loku. Kwathi mangabe se
 kuncephetwe ngaleyomo
 kwangathi kuba ngonone-
 kuhlala kwabo.

16

Kuke kuthethelewe kubulala.
 Mangabe kuhona uthakathi novi-
 mbetele miti yebanu eyithakatha
 , kuye kube sengathi angabambwa
 lowo thakathi. Ngoba usebedi wabe
 mubi. Kunemimwe minyango ku-
 valwe ngelihlahla. Bani bafa
 njena babulawa wuyena.

Kuyedeka ke kunesimwe si-
 hathi, athi eyothakatha, abambwe
 emtini.

Njenga Maviri.

Esewubucile miti waDulwa.
 Sekwavalwa ngelihlahla ubambwa

ka Yasitele. Engagcokile esuku. Use
bambwa phakathi eligqekeni, u-
shwete ngenotha laha ngembili.

Uthi uyaphuma njena m-
numlane, usekhangwa wumu-
nu. Usevusa tisiva tahe, betha-
tha tagila bekaka muti, beson-
jetela. Sebekala bohe kamweka-
mwe bethi, maye babo safa
wuthakathi, besho kahulu.

Kwate kwavuka nabahelwane.
Esesuka ngelijabane mavivi.
Watithela kufwana nomhulu, e
kupheleni kweligqeka. Usekhala
kasi tagila embamba ekha-
la kahulu ethi, "Maye babo!
Ngafa wuthakathi!" Sebe-
phuthuma bohe bethelaka kwi-
nyena, bambamba.

Sekufike nabahelwane.
Sebengena maye kasahkati.
Bephemba unilo. Bembona
kokuthi wumavivi. Agcokile.

Ngembili ushwete unotha. Kojwa
 yiphakathi kwanamabili masuku
 . Aphume songqobo ayohatini.
 Abuye nato abe eticwija, ngoba
 nabamwe bambambile. Aphe-
 ke amadi Geshenge. Abile. A-
 hiphe luphonjo. Doncaba i-
 yosana ya fasitele.

Timbambe tisiva timdu-
 nusise. Ifake luphonjo e-
 ndunu, tihwe kokuthi lu-
 ngenile ngempela. Tithela
 madi nabilayo eluphonjweni
 Jamboja kwagqwala sisu, ng-
 madi nabilayo.

Taluhipha luphonjo end-
 nu. Wasongela netini songqo-
 bo. Batijoja tini endunu.
 Bamjoja, bamjoja, bamjoja,
 bamjoja! Bate beva kokuthi
 usetesuthi ngoku. Bamfukela
 babambisana. Bamconjisa
 ekhwakhe.

Sebefika ekhwakhe sebhuleka
 usevula Fulani, unyeni wake. U-
 sethi uyavula, usekhangwa yili-
 xuku lebanu bengena nemdi-
 dingu weno nabayibamliseneyo
 sebeyingenisa enyango, bona
 besalela ngakandle. Bethi, "yemu-
 kela nayo imabla yaho.

Bamshiya laho bayamba.
 Fulani atange alokothe amanga-
 le nyawo. Wahhala nefati wake
 eqquma, kwaphela tisuku netina-
 thw. Ngalobusuku lwesithathw,
 kwabonakala kokuthi usevu-
 shiwe. Taputshuka tini leta-
 timjojile. Tatiputshukela. Ta-
 phuma taphuma tini, tithe laho
 tiphelayo, wafa mavivi. Waya-
 mba y waya komngqwaba
 Fulani. Atange athanje neku-
 mhalela mangabe efile. Neba-
 nu batithulela, nje. Babonga
 labanu labamjojile, ngoba ba-

K13/27

lamula sekephelili banu wutha-
kathi. Beda uthetho nowatiway
wekuthi uthakathi uyajojwa.
Nabo bamjoja uthakathi, akwaba
nyaba tabutsho.

Maguzu

Na maguzu, wathi ekaje eye
kokwela pha esayambe tisu ku
taba tinathu, wabuya. Loku
yena wayethi mangabe eye ko-
kwela pha, ayambe tityanga tibe
tibili noma tibe tine noma
numwaka wohe, nje.

Ngoku, ke, uyaphuma, uya-
yamba nepha ko wabe, netih-
wama take. Liyashona leli, ku-
yasa liyashona lesibili, kuyasa
liyashona lesithathu. Uyabuya
maguzu esuku.

Ufika kahle. Kuvahwa nga-
nobadula enyango. Ushiye ebole
kahle imbobo yekuba afake
munwe aqizise nobadula, lo,

ngoba ubesolile ngempela. Ufati
yena atange asole kokuthi yi-
mbobo yami lena neyediwe esiva-
lweni.

Ngoku, ke, mangabe efika, laha,
nyanyonyoba. Ugujisa kahle
mgogo wawe emyango. Abevi,
laha ngekhathi. Ubafiqe kabi
ngesihathi besebu hlungwini,
bengasevi etindlebeni, sekuvimbe
bumnanji.

Ahlokote unilo etiko. atha-
the ingubo ayithi hlwi, ayi-
lahle lahaya. Ufiqa umunu
usekhwele ngetulu kwefati wawe
umlalise mangqeshane.

Wamuthi hloko endlebeni
ngeliwisa. Wathi lwecu, engo-
gqokile. Uthe laha esemuje,
wamthatha ngeliwisa entla-
funweni, ceje, wambeka kasi.
Uthe ukuba awe, wamcolisisa

K13/27

ngeliwisa. Wamshaya wate waba
yisicaba. Ufati wathi uyaba-
leka, wamsikata ngesiqwayi,
wathi, "hlala kasi wena." Wa-
hlala ufati.

Kwendelewe magansi ahe
nyalo, nengubo yahe. Uthe ko-
kuba aceje kubulala siphingi,
wethula inambo yetomo. Wa-
mhuleka ufati esikeni; naye e-
ngagcokile. Wabita ufwana
waha nombulu, zilulwana. Wa-
fika unwanwa. Wayesembo-
mbisa mihuba yerina. Wathi
kuhle ayambe aye kombika e-
yosini kokuthi usebulele muna
iyosi ingathumela noma ite ite
tibonela, yede nekwedayo.

Yesuka iyosi netinjuna. Bafiqe
manyala. Kwendelewe lugansi
nesigciki sa maguzu. Nengubo i-
wufudana lahaya, ya maguzu.

Rqeleni kwelugansi kuhona

K13/27

sicephu nesendleweyo. Etulu kwaso
 kuhledi tino tekubingqa, tenjoda lena
 kamwe nemncwedo wayo. Kwase
 kubekwa tino tekubingqa tafati,
 nesijwaba sahe. Ngoba phela be-
 sesahumule lwe, ngoba betolala.
 nenjoda lena isitifikele, nje, emtini
 wayo. Iuthi ngabe ngidlala nga-
 yo mangabe ngithi yayingathi ike-
 mtini wayo. Ngoba munu em-
 tini wake, ufati unesibili, ne-
 njoda inesibili. Yilowo ulala
 yejwa nalowo alala yejwa. Ku-
 tshi ngalolo lusuku njena
 mhlazane mnumtane ecalekile
 , ambite ufati wake. Athi
 mangabe esecejile abuyele en-
 jaweni yake nayendlele esi-
 lilini sahe, laha ehumulele
 hona tohe tino tahe, mangabe
 elala.

Yayitibonakalisa lenjoda hoku-
 thi yonela kasi, ngoba iyilizela.

nelalito kweba. ngoba kucali bwa-
bungejiwa bunuku. Banu ba-
behlala beqophele timi. Kokutshi
ene, injoda ifwanele ihlale i-
linjele ukhosi nangasiphi sihathi

Kuba kuhle, ke, noma
utumeka, banu bayangena
bakufiqe ume kahle. Hhayi
kokuba banu bekuvimbetela ba-
-kufiqe ulele ubolile ugone u-
fati. Kona kulwa ungalwa
uwathathaphi mandla uyinjoda
uvuka, uvimbetelwe, ugone ne-
fati? Kwakuyilahlado lelo kwela-
kithi nelalilihle kahulu.

Iyosi netinyuna tayo hafike
bambona, ke, ufati ekhulekwe esike-
ni enqumu, nenjoda nezayito-
phingqa, iyisicaba, ife inqumu.
Imo tabo nefati tizincwabana si-
cephu simwe, sijwaba nelibeshu
nemncwedo, nanemwe tiro neti-
binqwayo, kubekwe sicephu simwe,

K13/27

Kani nemuntane ungeke umfize
tino tahe tikhumulelwe kwetefati.

Iyosi yayize, nyena, ngoba
Maguzw lona wayeyisilomo sahe.
Futhi wayeyilqhawe, nye. Ingatange
ake ayiphoge iyosi ayibite, nanga
siphi sihathi. Futhi ekhwakhe
kwakusejate nemuti weyosia

mangabe kufika sigijini
nefwana, nayo yathanja nye ko-
kuba ike iphume netinjana
keyiyobona kokuthi Maguzw
uhala ngani.

Bamfiqi uhleli kasi, ube-
ma qwayi Maguzw. Bayange-
na Maguzw uyaylany uya-
kuleka. Uthi ukuyulanya injaba
lona nekelubala emehlweni e-
yosi nebanu laba. Hawu! Ba-
yababata!

Ithi iyosi, "liqala selitithethi
le Maguzw. Usebedile, wahlabana
Uyisilomo nesikaje sasihlabana

568 K13/27

59

p

59

*

59

Nohlanye, uhlabane ngethakathi e-
kubulala. Pho! Uthini ngembwa
le yaho. Tiyibulale tisiva?"

Wathi Maguzu, "Cha! Yosi.
Ngigela kokuba angathintwa. Angi-
funi nekuba aye kohlawula ekhwa-
bo. Ngitomlungisa mina. Anga-
tange ngiganwe wufati nonema-
nyala. Ngifuna kumgeta ngimu-
thi ju, nami ngitigete ngitithi
ju. Ngimhulule. Abe wufati wa-
mi njengakucala. Ngitombamba
ekuseni mangabe eke waphinja
waphinga, nje. Ngiyotibulalela ye-
na, ke, mina. Loku ngiyakuqela
eyosini."

Yavuma iyosi. Yathi akubitwe
banikati balembwa nefele ema-
canjeni, bayihujule baye koyila-
hla. Wariselela kanjalo inyang-
a. Ufati yena walunga wate wafa.
aphinjanga waphinga. Bakubofati
banthanya wate waqqa Maguzu bengam-
nohlwa.

8
6
10
A
D
O
N
E